IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Inkosana Yasemfuleni

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: M. Maillot; Lazarus

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ifanekiswe ngu: M. Maillot; Sarah s.

Indaba 9 kwezingu 60

www.M1914.org

Bible for Children, *PO Box 3, Winnipeg, MB R3C 2G1 Canada*

iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

isiZulu

Zulu

Sekudlule iminyaka eyamakhulu amathathu emide. Abantu baJosefa, abaHeberu, babe abantu abenamandla eGhibithe. UFaro omusha wayesaba ukuba abaHeberu babezomujikela, ngakhoke wabenza izigqila bonke.

3

UFaro waphatha abaHeberu ngesihluku. Wabaphoqa ukuba bakhe amadolobha amakhulu. Yize ebagqilaza, abaHeberu banda.



4

Ngelinye ilanga, uFaro wakhipha umyalezo osabekayo. "Bonke abafana abazalwayo mabaphonswe emfuleni" UFaro waye umuntu omubi, wayezimisele ngokwehlisa ubuningi bamaHeberu. Wayezobulala ngisho nezingane!



5

"Sizokwenza njani?" umndeni owodwa uzibuza. Banquma ukufaka ingane yabo emfuleni. Kodwa wayephakathi kwabhasikidi ofudumele futhi ophephile.

6

Ubhasikidi ophethe impahla ebalulekile wawumukela emhlangeni. Kaze kwakuzokwenzakalani kulomntwana omncane.



7

Buqamama, udade wengane wabukela ubhasikidi uhamba namanzi phakathi komhlanga.



8

Kwathi kusenjalo kwaqhamuka amadodakazi kaFaro kanye nabasizi bezo geza emfuleni. Kwakungekho ndlela yokucashisa ubhasikidi. Mhlawumbe babezodlula bengawuboni.

9

"Haw! Ubhasikidi. Lapha, emhlangeni. Kaze kukhonani phakathi." Indodakazi kaFaro yathumela umsizi ukuba alande ubhasikidi. Wathi ewuvula - yakhala ingane. "Ingane yeHeberu," kubabaza inkosazane.

10

"Aw kodwa isono. Waze wamuhle." Mhlawumbe kusho indodakazi kaFaro enganeni njengoba bake benze abantu abadala. Mhlawumbe waze wathi "Ootchie-kootchie Koo-ums" - ngesiGhibithe phela.

11

Kufanele ukuba uNkulunkulu wayenikeze udade wengane ubuhlakani obukhethiwe. Wagijima waya kwindodakazi yaFaro. "Ngingakutholela owesifazane oyiHeberu ozokunakelelela yona ingane na?" "Enza njalo," esho ephendula. Mawucabanga intombazane yagijima yalanda bani?

12

"Mama! Phuthuma! Shesha!" Mhlampe intombazane yayingenaso isikhathi sokuchaza. Bagijima bobabili bebuyela khona.

13

Emfuleni, indodakazi kaFaro yamunikeza umntwana. "Munakekelele mina. Ngizokukhokhela. Muqambe uMose." Mhlampe uMose uchaza ukuthi ndoda-manzi ngesiGhibithe.

14

Kanjalo uMose wabuyela kubo kubazali bakhe. Bamufundisa ukwesaba nokuthanda uNkulunkulu kanye nabaHeberu. Maduze wayesezohlala ebukhosini kanye nendodakazi kaFaro. UNkulunkulu wasindisa impilo yakhe, wayenekusasa elikhulu elalihlelelwe umntwana uMose.

Inkosana Yasemfuleni

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Eksodusi 2

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa.

uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. **UJesu wase evuka ekufeni** wanyukela ezulwini. Manje uNkulunkulu engasithethelele izono zethi.

Uma ufuna ukuphenduka esonweni sakho, ithi kuNkulunkulu: Nkukulunkulu, ngiyakholwa ukuthi wangifela esiphambanweni, manje uyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami futhi ungithethelele izono zami, ukuze ngizoba nempilo entsha, khona ngizoba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni Johane 3:16.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke!